Downloaded from Stanmorephysics.com

STANMORE SECONDARY SCHOOL
IPHEPHA: [illegible]
ISIKHATHI: IHORA
AMAMAKI: 50

ISIZULU CONTROL TEST
GRADE 9
EXAMINER: T.O.N
MODERATOR: E.S

FUNDISISA KAHLE IMIBUZO UPHENDULEKA KAHLE
(READ CAREFULLY & ANSWER CORRECTLY)

**Iphepha 2**

## ISIQEPHU A

### ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

**Umbuzo 1**

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ngaso.

Libalulekile iphepha cishe ukwedlula zonke izinto ezikhona emhlabeni. Yilo elisilwela ekunqandeni amanga abantu. Banamanga abantu. Ngamanga nje umuntu angagcina esekufake ejele. Baningi abantu esibaziyo ababoshelwe izinto abangazenzile. Lokhu kufakazela ukuthi umuntu ufike akhulume lokhu namuhla kusasa usekhuluma okunye. Into nje ekhulunywa umuntu iyaguquka. Ungamphathisa umyalezo othile, yena afike azisholo okwakhe okwehlukile kulokhu obuthe abokusho. Akasho into efana ncimishi nalena obumtshele yona. Yingakho nje nanoma yinini lapho kukhona umuntu nephepha liba khona ukuze limqede amanga. Uma ukhuluma into nomuntu engadinga ubufakazi kuhle ubhale phansi lokho enivumelene ngakho ukuze kuthi lapho eseqala amanga akhe noma esephika, umkhombise enikubhale phansi.

Ukubaluleka kwephepha eliyisitifiketi sokuzalwa kugqama kahle uma sike salahleka. Ayinakulibhada esikoleni leyo ngane elahlekelwe yiso. Ayikwazi ngisho ukuthola imali yesibonelelo sikaHulumeni uma abazali bayo bedla imbuya ngothi. Umthetho utshela othisha ukuthi bangamethembi umuntu kodwa bathembe iphepha. Ngisho noma umzali angakhuluma akhihlize amagwebu, ayingenwa indaba yakhe uma ingane yakhe ingenalo leli phepha. Wonke umuntu uyakwazi lokhu. Kuyasilulaza isithunzi somuntu njengenkosi yakho konke okuphezu komhlaba. Kumenza abemncane kunephepha. Mhlawumbe nje yikho lokhu okubenza abantu bengasathembeki ngoba abakholakali ngisho sebekhipha ingonyuluka yeqiniso.

Ngaphandle kwesitifiketi sokuzalwa, ingane inikezwa elinye iphepha okuthiwa ikhadi lasemtholampilo. Kufanele liphathiswe okwezikhali zamaNtungwa leli khadi. Uma ungenalo leli khadi, awukwazi ukuthola usizo. Uma uhanjiswa emtholampilo, kuqale kubhekwe lona leli phepha ngaphambi kokuba uhlolwe noma ugonywe. Hhawu! Laze layinkinga iphepha nomuntu. Umzali ucosha amaphepha uma nje eke walilahla leli phepha.

Esikoleni nakhona ingane ifunda imiqingo yezincwadi ezingamaphepha. Uma sekukhishwa imiphumela yokusebenza komfundi, umfundi akatshelwa ngomlomo kodwa ibhalwa ephepheni elaziwa ngokuthi umbiko. Uma ingane ifika kubazali ibatshela ukuthi iphumelele ngamalengiso, abazali abayikholwa leyo nto. Bathi ingane izihubhuzela uhubhu kabhejane nje. Bagcina ngokudedela isibhaxu uma ingane ingabuvezi ubufakazi bephepha. Baze bayikholwe uma isiveza ubufakazi obubhalwe ephepheni elingumbiko.

Uma ingane isikhulile, kufanele ibe nomazisi wayo, okuyincwajana enamakhasi angemangaki. Abalulekile la maphepha. Uma usufunda umsebenzi, ayafuneka. Uma ungenawo, awuwunuki umsebenzi ngaphandle uma unelinye ipheshana okuthiwa

Downloaded from Stanmorephysics.com

idubulikhethi. Niyakwazi lokhu. Uyakwazi ukuthi ubambise ngalo. Noma kunjalo, uyafuneka umazisi. Uma uyothatha umazisi, isitifiketi sokuzalwa naso siyafuneka. Ayikholwa nje indaba oyisho ngomlomo. Wena ufana nomuntu ongazalwanga ngakho-ke ngeke uwunikezwe umazisi.

Indaba yephepha nomuntu inkulu ngempela. Wena njengoba ungumfundi awusakwazi ngisho ukulala ebusuku ufunda. Ufuna ukuthola iphepha eliyisitifiketi sikamatikuletsheni eliyokuvulela iminyango emikhulu. Ngaleli phepha uyongena kuzo zonke izikhungo zemfundo ephakeme, uma nje uphumelele kahle. Abanye bathola ngisho nemifundaze. Abalokothi bakuthathe ezikhungweni zemfundo ephakeme lingekho iphepha elichaza ngokuphumelela kwakho ngisho ungashaya isiNgisi esiphezulu usikhiphe ngamakhala. Abathembi wena kodwa bathemba iphepha. Lokhu kufazela ubumqoka bephepha.

Abathenga amaphephandaba bafakazela ukwethembeka kwephepha. Abayingeni eyokuthi baxoxelwe ngomunye umuntu indaba ngoba abamethembi. Yingakho abantu behlale begodle amaphepha emakhwapheni. Iphepha limlandela umuntu ngisho esezithulele. Umuntu osezithulele unikezwa isitifiketi sokufa. Lokhu-ke kwenzelwa ogalakajane abavame ukwenza ukungathembeki nokukhohlisa abanye abantu ngoba befuna izimali eziyizishaqane zamaphepha ezikhokhwa imishwalense emva kokugcwalisa imininingwane egayiwe emaphepheni ahlukahlukene.

1.1 Lesi siqeshana simayelana nani? (1)

1.2 Bala izihloko **ezinhlanu** zamaphepha okukhulunywa ngawo kulesi siqephu. (5)

1.3 Yini ongeke uyenze uma ungenaso isitifiketi sokuzalwa ngokwalesi siqephu. Yisho **okuthathu**. (3)

1.4 Ngabe **umbono** noma **iqiniso** ukuthi iphepha limlandela umuntu ngisho esezithulele? (1)

1.5 Chaza izimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile endabeni. (3)

1.6 Yakha imisho ngala magama athathwe endabeni.

1.6.1 umyalezo

1.6.2 ingonyuluka

1.6.3 izishaqane (3)

1.7 Yini le okumelwe iphathiswe okwezikhali zamaNtungwa kule ndaba? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [17]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B**

## UKUFINGQA

**Umbuzo 2**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese usifingqa ngamagama akho aphakathi kwangama-60 kuya kwangama-70. Impendulo mayibe isigaba.

Ihlasele impi yezidakamizwa. Kukhalwa ubumayemaye ngapha nangapha. Sivika ubugebengu imini nobusuku. Abantu sebefana nezilwane uqobo. Baswele uboya kuphela. Izinto ezenzeka namuhla zikwenza ubambe ongezansi, ungazi ukuthi uzothathani uyihlanganise nani uma kunje. Futhi angikaze ngikubone okunje. Ungathi liyabhubha dadewethu kababa.

Uma abantu sebedle lezi zidakamizwa baphelelwa unembeza, bagila imikhuba enhlobonhlobo. Bangenela imizi yabantu, baqothe kwasani, bashiye kukhihlwa esikaNandi. Emigwaqeni, baduna izimoto, babulale abashayeli bazo, babambe inkunzi emini kwabha emadolobheni nasemalokishini. Akukho ukuphepha emphakathini ngalesi sihlava esihlasele intsha. Uhamba ujeqeza ubala. Izimali ziphelela konobhadula. Esikhundleni sokuvika indlala nezilwane, sivikana nezingane zethu, abafowethu nodadewethu. Konakelephi ngempela?

Kodwa-ke kufanele liqhamuke ikhambi lokuqeda lolu bhubhane. Uma umphakathi ungahlangana ube yimbumba, usebenzise onke amacebo abangaqhamuka nawo, singagcina siyinqobile impi yezidakamizwa. Intsha ayifundiswe ngobungozi bokungena ezidakamizweni. Abatshelwe ukuthi alikho ikusasa nempumelelo ezidakamizweni. Kunye kuphela okuzuzayo ngazo, ukungena ejele impilo yakho yonke uma usinde ekufeni.

Ngaphandle kwalokho ugcina sewuyisigqila sazo, ungasazisebenzisi ngoba uthanda kodwa sekuyizo ezilawula impilo yakho. Okwakobani-ke ukuphila impilo yobugqila, ungakwazi ukuzicabangela, wenze ngendlela othanda ngayo? Okuhle nje ukuthi asiyithande imizimba yethu basha, singayingcolisi ngezidakamizwa, into enganukwa ngisho nayingcanga imbala. Asingasondeli kwakusondela nje empilweni yezidakamizwa. Sibahle sinje, siphila impilo uNkulunkulu owasabela yona. Naye futhi usithanda singumfanekiso wakhe njengoba asidala.

Asebengenile kuzo, sithi icebo lokuphuma lisekhona uma befisa. Kukhona izikhungo ezihlelelwe ukusiza abakule nkinga. Abaningi asebeke bangena ezidakamizweni, bonke bacula iculo elifanayo elithi, "ngeke ngiphinde ngizihlanganise nezidakamizwa". Bonke bayabonga, bancoma abaphathi balezi zikhungo ngokubatakula kulolu bishi ababebhukuda kulo. Bathi ngisho nemali sebeyayibona yongeka uma beyitholile okuyinto ababengasayazi ngesikhathi besaphila nezidakamizwa.

Asingalilahli ithemba, siyoyinqoba le mpi.

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

# ISIQEPHU C

## UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### Umbuzo 3

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Imithungo esikwe isitayela okuyisona esitholakala laphaya eMphithi, phela leli yikhaya lendwangu uma ungazi. Intengo yemisiko ayimbi eqolo njengakwezinye izindawo. Indlela abathungi bakhona abathunga ngayo ikushiya umangele, mhlawumbe loku kwenziwa ukuthi indwangu ifikela khona noma iphuma emazweni angaphandle. Abahloli bendwangu bafike bancame uma sebefika kweyalapha imisiko lokhu nabo bayazi ukuthi lapha kusekhaya lendwangu. Ubabona sebekhipha amaselula beshayela abanye ozakwabo ubone ukuthi cha bachazekile.

3.1 Yakha umusho ngalesi simo sokukhuluma esiyisisho "ukumba eqolo." (1)

3.2 Bhala igama eliyibizomuntu elisendabeni. (1)

3.3 Bhala igama eliyibizonto elisebuningini elitholakala endabeni. (1)

3.4 Libolekwe kuluphi ulimi igama "amaselula"? Nikeza elesiZulu. (1)

3.5 Yakha isaga ngegama "indlela." (1)

3.6 Kukuphi eMphithi? (1)

3.7 Cezu luni lwenkulumo lolu "**baseMphithi**"? (1)

[7]

### Umbuzo 4

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngiyakuthanda mntakababa kepha into engicasula ngawe ukuthi awuzwa uqobo lokuzwa lokhu noma usukhuzwa. Yilokhu uthi unguMkrestu kepha izenzo ngezomthakathi uqobo. Ngiyamangala mina uma into enje yenziwa umuntu othi ulikholwa. Uma ungayiyeki le nto yakho! Ngimfunge ubaba esemathuneni, ngizobikela amaphoyisa uboshwe. Kunini kodwa waqala ukuganga ugqekeza izitolo zabantu, ubamba inkunzi, ulimaza izingane zabantu zibe zingenze lutho.

4.1 Tomula igama eliqukethe

4.1.1 umuzwa wothando (1)

4.1.2 umuzwa wokusongela (1)

4.2 Tomula igama elinomqondo wokuchema (1)

[3]

### Umbuzo 5

Phinda ubhale le misho usubhala isiZulu sangempela.

5.1 Ngithunywe umagriza wesitolo. (1)

5.2 USizwe akanayo inyuku yokuthenga. (1)

5.3 Usbari wami ungithengele icellfoni. (1)

5.4 Ngilinde ngisavaya kwagogo. (1)

[4]